**HILLCREST HIGH SCHOOL**

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)**

**IBANGA LESISHAGALOMBILI (GRADE 8)**

**IPHEPHA 2 (PAPER 2)**

**UKUHLOLWA KUKANOVEMBA 2020**

**ISIKHATHI: 2 amahora** **IMIKLOMELO: 70**

**ISIFUNDO SOKUQONDISISA: 20**

**UMBHALO OBUKWAYO: 10**

**UHLELO NOLIMI: 20**

**IZINDABA EZIMFUSHANE: 30**

**IMIYALELO KUBAFUNDI**

- PHENDULA IMIBUZO **YONKE**.
- QALA UMBUZO NGAMUNYE EKHASINI LAWO.
- UNGAXOVI. BHALA IZINOMBOLO NJENGOBA ZIBHALIWE EMBUZWENI.
- LANDELA **YONKE** IMIYALELO NJENGOBA INJALO.
- BHALA UMSEBENZI OHLANZEKILE.

**OKUHLE KODWA !!!!!!**

**Leli phepha linamakhasi ayi-7**

**ISIQEPHU A**

**ISIFUNDO SOKUQONDISISA:**

**UMBUZO 1**

1. Fundisisa le ndaba elandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela.

**<u>Ukuhlala ekhaya kwayishintsha impilo yami.</u>**

Kwase kuphele cishe izinyanga ezine umuntu engasayi esikoleni. Lokhu kwakungikhathaza mina Siphesihle Mjiyakho ngoba ngangingasababoni abangani bami. Abafundi abaningi babekujabulela ukuvalwa kwezikole isikhathi eside ngoba babethola isikhathi esiningi sokuhlala nemindeni yabo.

Ukufika kwalolu bhubhane lwe Covid-19 kwayishintsha ngempela impilo yami. Kuningi engakufunda nebengikade kungakunaki noma ngikushaya indiva. Impilo ngaphambi kwalolu bhubhane yayibukeka inakho konke ngoba ngase ngikwejwayele konke okwenzeka empilweni yami. UMsombuluko kuya kuLwesihlanu ngangiya esikoleni ePhumelela High School ngihlale nabangani bami ngesikhathi sekhefu. Ezemidlalo yizo ezazenza usuku lwami lube lude ngoba sasiziqeqesha neqembu lethu lebhola lezinyawo ngoLwesibili nangoLwesine. Njalo ngeMigqibelo sasivakashela noma sivakashelwe ezinye izikole siqhudelane nazo. Abadlali beqembu lethu babengibiza uMsayiphozi kodwa igama lami langempela uSiphesihle Mjiyakho. Abangani bami engase ngibakhumbule kakhulu uSizwe Nxumalo noSanele Mfeka.

Abazali bami babebuya ebusuku sengiqedile Ukwenza umsebenzi wami wesikole. Umama ungumhlengikazi usebenza eKing Edward IV. Ubaba yena usebenza kwaMasipala waseThekwini. Mina ngangihanjiswa imoto kamalume esikoleni. Zivalwa nje izikole kuningi engizithembise ukuthi ngizokwenza ngalawa maholide ekota yokuqala. Nangu uMongameli waseNingizimu Afrika uMnu. Cyril Ramaphosa usememezela ukuthi izwe lizovalwa ukuze kuncishiswe ukuthelelana kwabantu ngalesi sifo. Ngangizitshela ukuthi kuzoba amasontshwana nje. Sahamba isikhathi lutho ukuvulwa kwezwe kodwa kwaba nemigomo eminingi eqinile. Engiyikhumbulayo eyokuthi sasingavunyelwe ukuya ezitolo noma ukuphuma ekhaya nje. Abazali yibo ababeya kothenga Ukudla befake nezifonyo. Kwakunzima kuleyo mizi engenazo izimoto.

Kusaqala ngangijabula kodwa ngokuhamba kwesikhathi kwabe sekunesidina. Abazali bayathumana bo! Kancane kancane sekufanele wenze itiye noma uphake ukudla. Yingakho abanye babuyela esikoleni sebenemizimba emikhulukazi. Babedla kodwa bengazivocavoci. Ehla amazinga ama-level abantu baqala babuyela emisebenzini. Nathi sahlala sodwa ekhaya. Esikoleni sethu kasenzanga lutho ngoba othisha bethu kanye nabanye abafundi kabanabo ubuchwepheshe besimanje. Sasilalela umsakazo noma sibuke Umabonakude ukuchitha isizungu.

Namhlanje ngilungela ukuya esikoleni ngoMsombuluko kodwa kangazi ukuthi kufanele ngijabule noma ngiphatheke kabi. Phela lisekhona leli gciwane futhi nesikole ngeke sisafana njengoba sesigqoka izifonyo siphinde sigeze izandla. Isho njalo incwadi evela kuthishanhloko. Sesizohlolwa izinga lokushisa ngaphambi kokungena esikoleni. Ake ngilale ngingalokhu ngicabanga ngosuku lwakusasa.

[umbhalo wokuziqambela]

1.1 Ubani igama nesibongo salo mfana osehlale isikhathi eside ekhaya? (2)
1.2 USiphesihle usehlale isikhathi esingakanani ekhaya (2)
1.3 Yini eyabangela ukuba uSiphesihle angayi esikoleni? (2)
1.4 Ufundaphi uSipho okukhulunywa ngaye lapha? (1)
1.5 Obani amagama abangane bakaSiphesihle ababili ayesebakhumbule? (2)
1.6 Esikoleni sikaSiphesihle bayidlala nini imidlalo yebhola? Bhala usuku ngokugcwele. (1)
1.7 Usebenzaphi umama kaSiphesihle? (1)
1.8 Yini ayengayithandi uSiphesihle eyayenziwa ngabazali? (2)
1.9 Ubani igama nesibongo likamengameli wase Ningizimu Afrika? (2)
1.10 USiphesihle wayesichitha ngokwenzani siszungu? (2)
1.11 Wena ubuwenzani ngesikhathi kungayiwa esikoleni. (2)
1.12 Lithini igama lesikole ofunda kuso? (1)

**[20]**

**ISQEPHU B**

**UMBHALO OBUKWAYO**

**UMBUZO 2**

2. Fundisisa uphinde ubuke lesi sithombe esilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela.

**Phuthuma Cash and Carry**

Isitolo esidayisa konke okudingayo ngamanani aphansi (*low prices*).



Woza ePhuthuma uzozititilizela Ukudla kwasendlini:

Umtsholwane wamazambane R15
Umtsholwane weklabisi R25
Ibhantshi lesipinashi R5
Isaka le mpuphu 10kg R65




Yonke le mititilizo iyaphela mhla ziyi-14 kuDisemba 2020

Zikhona nezipesheli zosuku esitolo.

Likhona nebhusha elinenyama yenkomo neyenkukhu engamanani aphansi kakhulu.

Sitholakala KwaNyuswa, 17 Ngcobo Road
Inombolo yethu 066 164 5571



[Umbhalo wokuziqambela]

2.1 Lithini igama lesitolo esikhangiswa lapha? (1)
2.2 Bhala izimpahla EZIMBILI ongazithengela kulesi sitolo. (2)
2.3 Indali iphela ngaluphi usuku? (2)
2.4 Yiziphi izinhlobo zenyama ongazitholela zona kuleli bhusha (2)
2.5 Ithini inombolo yocingo yase Phuthuma Cash and Carry (1)
2.6 Kubiza malini ukuthenga umtsholwane wamazambane nesaka lempuphu? (2)

**[10]**

**ISIQEPHU C**

**UHLELO NOLIMI**

**UMBUZO 3**

3. **Phendula le mibuzo elandelayo njengoba ubuziwe.**

**3.1 Bhala izigaba zalawa mabizo (noun classes) alandelayo**

**Isibonelo: isikole > 7**

3.1.1 Abafana
3.1.2 Imizi
3.1.3 Amathole
3.1.4 Inkinga
3.1.5 Ukufa (5)

**3.2 Gcwalisa le misho elandelayo ngezivumelwano senhloko (subject concord).**

Isibonelo : Abafana -shaya izinkomo.
Abafana **ba**shaya izinkomo.

3.2.1 Izingane __bhala isivivinyo.
3.2.2 Omalume __sebenza emgodini.
3.2.3 Isizwe __funa umholi omusha.
3.2.4 Amadoda __khulumela Izingane. (4)

**3.3 Guqula igama elibhalwe ngokunzima libe isabizwana soqobo (absolute pronoun).**

**Isibonelo:** Umalume ufunda **ibhuku.**
**lona**

3.3.1 **Ubaba** ubophela izimbuzi esihlahleni.
3.3.2 **Abafundi** bafunda isiZulu.
3.3.3 Ngizohamba **izinyanga** ezimbili.
3.3.4 Abafana bashayela **imoto.** **(4)**

**3.4 Gcwalisa leli thebula elilandelayo ngezabizwana ezifanele. Bhala inombolo nempendulo efanele.**

**Isibonelo:**

| **abantu** | **a)** | **labo** | **b)** |
|---|---|---|---|

a) Laba
b) Labaya

| **Ibizo** | **eduze** | **buqama** | **Kude** |
|---|---|---|---|
| ubuso | lobu | 3.4.1 | Lobuya |
| ukudla | 3.4.2 | loko | 3.4.3 |
| umuzi | Lo | 3.4.4 | 3.4.5 |

**(5)**

**3.5 Guqula le misho elandelayo ibe senkathini (tense) oyibuziwe.**
**Isibonelo:** Umama upheka inyama. (inkathi esandkudlula)
Umama upheke ukudla.

3.5.1 Abafana badlala ibhola. (inkathi ezofika)
3.5.2 Izingane zibhala isiZulu. (Inkathi esandakudlula)
3.5.3 Indoda iyasebenza. (inkathi eyofika)
3.5.4 Ngisinile. (inkathi yamanje)

(4)

**3.6 Guqula amabizo abhalwe ngokunzima kule misho elandelayo abe isandiso sendawo (adverb of place) undaweni.**
**Isibonelo:** Umama ufaka usawoti **ukudla.**
Umama ufaka usawoti **ekudleni.**

3.6.1 Umama ufunda **ikamelo.**
3.6.2 Bhala izimpendulo **ibhuku.**
3.6.3 **Isikole** sifundiswa ukuzimela.
3.6.4 Ukhiye wendlu uhlala **ugogo.**

**(4)**

**3.7 Qondanisa lokhu okusohlweni A nalokhu okusohlweni B.**

| **Uhlu A** | **Uhlu B** |
|---|---|
| 3.7.1 ugogo | a) Uncle |
| 3.7.2 umalume | b) Mother |
| 3.7.3 umzala | c) Brother |
| 3.7.4 umfowethu | d) Cousin |

**(4)**

**ISAMBA :[30]**

**ISIQEPHU D**

**IZINDABA EZIMFUSHANE**

**INKABI**

**UMBUZO 4**

4. **Funda lesi siqeshana esilandelayo bese uphendula imibuzo elandelayo.**

Elokishini laseMpophomeni eMagwababeni kukhona insizwa edume ngokuthi u-Bullet emphakathini nasezinganeni. Igama layo langempela uSakhile Madlala. Kuthiwa ngu-Bullet nje ngenxa yekhono lakhe lokunemba uma edubula. Ubalwa ezimpini zamatekisi okuthi noma eboshiwe aphume ejele ngenxa yomuthi okuthiwa awusebenzisa.
Namhlanje ekuseni ukubo endlini enamagumbi amane ulalele umculo kamasikandi awukhonzile endlini yokuphumula. Izulu phandle libafazi bedube inyama ingakho

ezisonge ngengubo yokulala. Engqondweni yakhe ujulile ngemicabango, ubhekene nengwadla.

UDlamini umnumzane ohlonishwayo la endaweni oganwe uThobeka uMaCele. ufike kuye lapha izolo kusihlwa. Ushiye isamba sezinkulungwane zamashumi amathathu amarandi ngesaka lasebhange ukuthi agudluze uMaCele. Noma ezwile ukuthi bayadivosa kodwa ubengalindele ukuthi ngabe kubi ngalolu hlobo kubona bobabili.

4.1 Uzalelwe kuyiphi indawo uSakhile? (1)
4.2 Wayebizwa ngaliphi elinye igama uSakhile? (1)
4.3 Imuphi umculo awukhonzile uSakhile? (1)
4.4 Ubani isibongo sikaSakhile? (1)
4.5 UDlamini wamnika malini uSakhile? (1)
4.6 Ubani igama likaNkosikazi kaDlamini? (1)
4.7 UDlamini unezingane ezingaki? (1)
4.8 Basebenza misebenzi mini oDlamini noMaCele? (2)

[10]